Imibono Ehlukene

Ababambiqhaza bazohlola indima yombono lapho behlaziya ukwaziswa okulinkwe ekubeni kwabo kwi-Inthanethi noma ukuba kwabanye kwi-Inthanethi. Bazozuza ukuqashelwa komongo wezici ezifanele (isib., isikhathi, usiko, ukuxhumana, umphakathi / isifunda / emhlabeni kabanzi) ezithinta ukuba kothile kwi-inthanethi. Ngaphezu kwalokho, ababambiqhaza bazocabangela izinhloso zokwaziswa abakufaka kwi-inthanethi ngobudlelwane abanabo nemindeni yabo, abangane, kanye nabasezikhundleni eziphakeme (isib., othisha, abaqhashi).

Izinsiza

Umcabango ka-Rubin Vase
Iphepha Lomthombo Wezokuxhumana ka-Kassra

Uyini Umbono?

Ingxenye Yokuqala

Isithombe Sokuhileleka Kwekilasi

Bonisa isithombe somcabango ka-Rubin Vase esikrinini. Njengoba ubuza imibuzo, cela ababambiqhaza beze bazokhomba ukuthi yisiphi isithombe abasibonayo

Buza Abafundi Bakho

Ubonani uma ubheka lesi sithombe?

Bangaki kini ababona ivasi?

Bangaki kini ababona ubuso obubili?

Ingabe nikubona konke kanyekanye?

Okubonayo kungathonywa umbono wakho. Ucabanga ukuthi uyini umbono?

Ukuhileleka Kwekilasi

Bhala izincazelo zababambiqhaza ebhodini.

Tshela Abafundi Bakho

Umbono uyisimo sengqondo esithile mayelana nokuthile; ukubona into ngendlela ethile.

Ingxenye Yesibili

Tshela Abafundi Bakho

Nasi esinye isibonelo. Ake sithi umngane wethu u-Azul uphumelele ekungeneleni iqembu lebhola lezinyawo lasesikoleni. Uma etshela umama wakhe, uthi, “Sengingenile eqenjini lebhola lezinyawo!” umama wakhe aziqhenye ngaye.

Lapho u-Azul etshela umngane wakhe omkhulu, uRaviv, ukuthi usengenile eqenjini, uRaviv asho ukuthi ujabule kakhulu ngo-Azul.

U-Azul atshele nomunye umgane wakhe uVal ukuthi usengenile eqenjini lebhola lezinyawo. Kanti-ke uVal, naye uke wazama, kodwa u-Azul indawo yakhe. Ngakho uVal akajabule neze.

U-Azul uphinde abe yiqembu lezesayensi, futhi manje usezophuthelwa yimihlangano

yesayensi njengoba esezoya ekuzilolongeleni ibhola lezinyawo. Lapho etshela uDani, umongameli weqembu lezesayensi, naye akakujabuleli lokho.

Bonke laba bantu abahlukahlukene empilweni ka-Azul bezwe umlayezo ofanayo wokuthi: U-Azul usengenile eqenjini lebhola lezinyawo.

Buza Abafundi Bakho

Kungani besabela ngezindlela ezahlukene?

Kungani imibono yabo ehlukene, kanye nobudlelwane obuhlukahlukene abanabo no-Azul kunendaba kangaka?

Ungakwazi yini ukucabanga ngezinye izibonelo zokuthi abantu abahlukahlukene bangasabela kanjani ngezindlela ezahlukile simweni esifanayo?

Kungani umbono unendaba kangaka?

Izembozo Zokucabanga

Ingxenye Yokuqala

Ukuhileleka Kwekilasi

Hlela ababambiqhaza ngamaqembu angu-3-4. Nikeza iqembu ngalinye iphepha namapeni noma amapensela.

Tshela Abafundi Bakho

Ngizonikeza iqembu ngalinye iphepha elinomklamo wenkohliso wephrofayela lomthomo wezokuxhumana likaKassra kanye nelinye ipheshana. Kuleli elinye ipheshana kunegama lothile ohileleke empilweni kaKassra. Njengeqembu, ake nizicabange nibheke le phrofayela lomthombo wezokuxhumana ngeso lalo osepheshaneni lesibili. Ucabanga ukuthi uyini uKassra? Yikuphi ukucabangela ongase ukwenze? Uthanda ini? Yini angayithandi? Yikuphi aphawule kukho? Uthini umbono wenu ngoKassra, ngokwalokho enikubonile? Nizonikezwa imizuzu eyishumi. Lungelani ukwenza isethulo ekugcineni!

Cela iqembu ngalinye lenze isethulo.

Izindima/abantu abangaba khona empilweni kaKassra.

1. Umama kaKassra, okhathazekile ngokuphepha kwendodana yakhe.

2. Umngane omkhulu kaKassra, omkhathalelayo.

3. Intombazane yasesikoleni esingumakhelwane, engamazi uKassra.

4. Uthisha kaKassra.

5. Umphathi okungenzeka ucabangela ukunikeza uKassra umsebenzi.

Buza Abafundi Bakho

Yikuphi ebekuhlukile emibonweni obunayo njengoba ubuhlaziya uKassra?

Kungani ucabanga ukuthi lowo mehluko ukhona?

Ingabe ucabanga ukuthi konke lokhu kuhlaziya kunembile? Kungani/pho-ke kungani?

Ungacabanga ngezinkathi lapho lokhu kwenzeke khona empilweni yakho -- lapho ukwaziswa okufanayo kwaqondwa ngendlela ehlukile ngabantu abahlukahlukene?

Buza Abafundi Bakho

Bangaki kunina abaye baba nokungavumelani nabazali/abakunakekelayo? Abangane?

Bangaki kunina abasebenzisa amapulatifomu omthombo wezokuxhumana? Uke ucabange yini ukuthi abanye abantu bawabheka kanjani amaphrofayela akho emithombo yezokuxhumana?

Uke wasusa okuthile noma uwazithegulula kokuthile okwabiwe emthonjeni wezokuxhumana (isib., izithombe, amavidiyo, umlayezo othile oxhonyiwe)? Kungani?

Ukucabanga Ngemibono

Ingxenye Yokuqala

Tshela Abafundi Bakho

Cabanga ngezindlela ezimbili abantu ophila nabo abakwazi ngazo.

Buza Abafundi Bakho

Ingabe uke uziphathe ngendlela ehlukile yini lapho unabantu abahlukile? Ingabe ukhuluma ngendlela efanayo nokhuluma ngayo nabangane bakho lapho ukhuluma nabazali bakho / abakunakekelayo noma othisha? Kungani / pho-ke, kungani?

Tshela Abafundi Bakho

Sonke singabantu abahlukile kuye ngokuthi sikuphi nokuthi sinobani.

Ngokwengxenye yalesi sifundo sizoxoxa ngendlela yokuzethula kwi-inthanethi, ikakhulukazi emthonjeni wezokuxhumana, nokuthi abanye bangakubheka kanjani ngezindlela ezahlukile kuye ngokwemibono yabo.

Buza Abafundi Bakho

Ingabe uzethula ngendlela ehlukile kubantu abahlukile kwi-inthanethi? Ngokwesibonelo, kwipulatifomu (isib., Facebook) ungasebenzisa igama lakho langempela, kodwa ingabe usebenzisa igama lakho langempela kukho konke okwenzayo kwi-inthanethi?

Yimaphi amapulatifomu ongasebenzisi kuwo igama lakho langempela noma amapulatifomu owasebenzisa ngokungafuni ukwaziwa? Kungani?

Ingabe ucabanga ukuthi ukwaziswa okuphathelene nawe owabelene ngakho kwi-inthanethi kusiveza ngokugcwele yini isithombe somuntu owuye? Ingabe ucabanga ukuthi amaphrofayela akho omthombo wezokuxhumana asho konke ngawe? Ingabe ufuna asho konke ngawe?

Buza Abafundi Bakho

Abantu bangakubheka kanjani uma bebengaba nemvume yokubona okunye kokwaziswa kwakho? Ngokwesibonelo, ingabe umbono wabazali bakho / abakunakekelayo ubungashintsha yini uma bebona konke okwenzile kwipulatifomu eyodwa kodwa hhayi kwenye?

Ingabe ugcina okuxhomile kwakho kuyimfihlo? Kungani?

Buza Abafundi Bakho

Sikhulume kakhulu ngombono namuhla. Ngokusekelwe engxoxweni yethu, yikuphi okufundile mayelana nombono namuhla?

Iyiphi enye indlela umbono othinta ngayo indlela esikuhlaziya ngakho ukwaziswa? Ungakwazi yini ukusho isenzakalo sakamuva lapho lokhu kuye kwasebenza khona? Kungani umbono ungabalulekanga nje kuphela ezimpilweni zethu ngabanye, kodwa futhi ubalulekile nasezindabeni?

Isabelo

Ingxenye Yokuqala

Isabelo

Cela ababambiqhaza ukuba:

1. Bathwebule isithombe/isithombesikrini sanoma yikuphi okuxhonywe emthonjeni wezokuxhumana [okungukuthi isithombe, ividiyo, noma umlayezo oxhonyiwe] (akumelwe kube okwabo).

2. Phawula izindima ezintathu ngokuhlobene nalokho okuxhonywe emthonjeni wezokuxhumana (isib., umngane, ilungu lomndeni, uthisha), futhi endimeni ngayinye, ngesigaba esifushane chaza ukuthi lowo muntu angacabangani ngalokho okuxhonyiwe.

Emizuzwini engu-10 yokugcina, hlukanisa ababambiqhaza ngababili, bese babelane nabalingane babo ngezindela okungenani ezimbili abakholelwa ngazo ukuba umbono ubalulekile emongweni walokho okuxhonyiwe abakukhethile.

Le nsiza kufunda ye-Inthanethi yenziwe Ngezenstha Nemediya eBerkman Klein Centre; Inhlangano ye-Harvard University ngaphansi kwelayisensi ye-Creative Commons Attribution-ShareAlike 4.0 International. Ungakusebenzisa lokhu, uphinde ukukopishe futhi ulungiselele nemisebenzi yokuthola, kungakhathaliseki ukuthi uzuza imali noma cha, uma nje ubeka Intsha neMediya njengomthombo wokuqala futhi wabelana ngeminye imisebenzi ngaphansi kwemigomo efanayo. Lezi zinsiza zokufunda ezengeziwe zikhona nakuyi-Intanethi Kwipulathifomu Yemfundo Yedijithali ka-Berkman Klein.